# Xhumana nabakwa-SARS ngombikombani noma ngeposi

**Ungathumela umbikombani kwa-SARS kulawa makheli ombikombani alandelayo:**

- Izisebenzi zeNtela: pcc@sars.gov.za
- Abakhokhintela: contactus@sars.gov.za

Uma usebenzisa ikheli elidala lombikombani, uzothola impendulo ezokuqondisa ebhokisini elisha lezincwadi. Uma uthumela umbikombani emabhokisini amasha ezincwadi, uzothola impendulo ezenzekelayo ezobe inenombolo yodaba lwakho. Ukuze kube lula ukusebenzisa, le nombolo iyona izocashunwa ezincwadini ezihambisana nenqubekela phambili yalolu daba.

Isilinganiso sobukhulu bombikombni esingu-10MB kumele sithotshelwe. Uma ubukhulu bombikombani wakho budlula isilinganiso esibekiwe uzothola impendulo ezenzekelayo ekwazisa ngalokhu bese ucela ukuba uphinde uthumele futhi. Ukuze sikwazi ukubheka umbikombani wakho ngokushesha, kuzodingeka ukuthi uthobele umkhawulo wesilinganiso sobukhulu bombikombani.

Ukugcina wonke umuntu ephephile ngalesi sikhathi se-COVID-19 silokhu senza ngcono lokhu ongakuthola ku-inthanethi. Sincoma ukuba usebenzise lokhu esikunika khona okuwusizo lweDijithali olutholakala ku-SARS eFiling, SARS MobiApp naku-SARS Online Query System, ukuze kube lula kuwe. Phezu kokusebenzisa i-SARS Online Query System, ungakwazi nokusebenzisa leli kheli SupportingDocs@sars.gov.za ukuthumela amadokhumenti esekelayo.

Ngabe ukweleta abakwa-SARS imali? Ungaxhumana nathi lapha ukuze wenze izinhlelo zesikweletu sakho noma ukuhlehliselwa isikweletu sakho.

## Imininingwane yokuxhumana ngokwezifunda:

| Isifunda | Ikheli leposi | Ikheli lendawo | I-imeyili |
|---|---|---|---|
| **Isifunda 1:** Abakhokhintela abayizakhamizi zase-Gauteng South; the Greater Johannesburg area; East Rand; West Rand naseMpumalanga | Private Bag x15<br>Alberton<br>1450 | St Austell Street<br>Mackinnon Crescent<br>New Redruth<br>Alberton<br>1449 | Abakhokhintela:<br>contactus@sars.gov.za<br><br>Izisebenzi zeNtela eziBhalisiwe:<br>pcc@sars.gov.za |
| **Isifunda 2:** Abakhokhintela abayizakhamizi zase-Gauteng north (kubandakanya i-Centurion ne-Pretoria), North West, kanye neLimpopo | PO Box 436<br>Pretoria<br>0001 | 7 Protea Street<br>Centurion<br>Pretoria<br>0157 | Abakhokhintela:<br>contactus@sars.gov.za<br><br>Izisebenzi zeNtela eziBhalisiwe:<br>pcc@sars.gov.za |
| **Isifunda 3:** Abakhokhintela abayizakhamizi zaKwaZulu Natali nase-Eastern Cape | PO Box 921<br>Durban<br>4000 | 201 Dr Pixley KaSeme Street<br>Durban<br>4001 | Abakhokhintela:<br>contactus@sars.gov.za<br><br>Izisebenzi zeNtela eziBhalisiwe:<br>pcc@sars.gov.za |

| | | | |
|---|---|---|---|
| **Isifunda 4:** Abakhokhintela abayizakhamizi zaseWestern Cape, e-Free State naseNorthern Cape | Private Bag x11<br>Bellville<br>7530 | Corner of Teddington & De Lange Road<br>Bellville<br>7530 | Abakhokhintela: contactus@sars.gov.za<br><br>Izisebenzi zeNtela eziBhalisiw e: pcc@sars.gov.za |

## Yini okumele ngiyifake encwadini engiyithumela ngeposi/ngombikombani?

Ukuze sikw azi ukubheka isicelo sakho ngokushesha sivela ufake lokhu okulandelayo uma uthumela izincw adi zakho:

- Inombolo yodaba lw akho (uma ikhona);
- Inombolonkomba yakho yentela;
- Amagama akho aphelele nesibongo;
- Inombolo kamazisi/iphasiphothi yakho;
- Inombolo yeqomangcebo uma kungukuthi ubuza egameni leqomangcebo;
- Igama lenkampani uma ubuza egameni lenkampeni;
- Inombolo yakho yokusebenza, uma uyisisebenzi sentela esibhalisiw e;
- Ikhophi egxiviziw e yegunya lokwenzela i-Pow er of Attorney/Letter of Authority uma umelele umkhokhintela/inkampani/iqomangcebo/amafa;
- Ikhophi egxiviziw e yomazisi/iphasiphothi/izinwadi zakho zokushayela uma umelele umkhokhintela/inkampani/iqomangcebo/amafa;
- Ikheli le-imeyili, ikheli leposi noma inombolo yocingo okhetha ukuthintw a kukho.

**Isungqangi:**

- Ukuthunyelw a kw amaphepha, imibuzo nge-eFiling, ukubhalisa okusha, ukushintshw a kwemininingwane yokubhanga, imibuzo ngentela yokudlulisela, imibuzo ngomnyango w okuthelisa akwamukelwa ngeposi, ngefeksi nange-imeyili.
- Sicela uzame ukuqinisekisa ukuthi okuthasiselayo kungohlobo lw e-Adobe (PDF) futhi akuw edluli umkhaw ulo ongu-10MB.